Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha

Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters Business Park, 45 Willowton Road, Willowton, Pietermaritzburg 3201, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, KwaZulu-Natal, South Africa

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2023

First edition 2023

OS1000830

This is an isiZulu reading series: Izinyathelo Zokufunda

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia* , a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Lacishe lasishiya ibhasi lesikole 1

Ogogo abayizelamani 14

Kanti indalo iyisimangaliso kangaka? 28

Sifunda njalo 41

Kusadliwa ngoludala 54

Abangani baya eholidini 67

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge oluluhlaza okwesibhakabhaka **ezisezingeni lesi-3** ezalaba bafundi **abasebangeni lesi-3**. Sizosiza othisha ngezifundo abazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi **abasebangeni lesi-3.** Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi **ezisezingeni lesi-3.**

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u -EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma ukufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Isihloko sencwadi ‘Lacishe lasishiya ibhasi lesikole’ (Izinga lesi-3)

Ukulungiselela isifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Lacishe lasishiya ibhasi lesikole

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
Ngasegumbini	uKuku
ukulicupha	uHluphi
uTshiyozana	uTshiyozana
imbudane	uTshiyo
uTshiyo	ibhasi
uHluphi	
ngamafosi	
uyasikhohlisa	
uBathathe	
isemishi	
lamantongomane	
amagciwane	
ngokudinwa	
uMsweli	
isigceme	
kumasipala	
intukuthelo	
ukuyilawula	
saselwa	
ukudabuka	
bayamhawukela	
umphako	
olwangeni	
isikhathi sekhefu	
ukududana	
ngesililo	

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ngesibibithwane	
ekhihla isililo	
bamncesezela	
izingqwembe	
ngeso lokhozi	
isiphithiphithi	
abajaha	
ngephutha	
Bazovela enkantolo	
nesigxivizo	
ukuziphihliza	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani la? Kukuphi lapha uma ucabanga?
- **Buza,** "Ingabe kusedolobheni, ekhaya noma esikoleni? Usho ngani?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Lacishe lasishiya ibhasi lesikole'**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Lacishe lasishiya ibhasi lesikole

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yokuqala kuleli zinga lesi -3, zikhona ezinye ezi-5 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2019 babonise nenombolo yencwadi ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Ubonani la? Obani laba? Kukuphi lapha futhi kwenzakalani uma ucabanga? Usabakhumbula abangani abathathu ebesifunda ngabo ezincwadini esizifundile"
- **Babonise** amagama '**ngasegumbini'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza,** "Ingabe kwenzakalani manje? Uma ubheka bakuphi? Ingabe bayavuka noma bayalala uma ucabanga?"
- **Babonise** amagama **'ukulicupha, uTshiyozana'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Ezani izikhwama? Zithini lezi zimpawu ezimbili ozibonayo ngaphezu kwechwane elimhlophe?"
- **Babonise** amagama **'imbudane, uTshiyo, uHluphi'** chaza.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Wenzani manje uKuku? Kungani emgeza lo omhlophe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza:** "Ingabe sekwenzakalani manje? Ngibona izimpahla, ngezani?"
- **Babonise** amagama **'ngamafosi, uyasikhohlisa'** chaza kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi benzani laba? Obani usabakhumbula yini? Nawa amachwane, ingabe ayaphi uma ucabanga? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'UNono, uBathathe, isemishi, lamantongomane'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
Ngasegumbini	ngasekameleni
ukulicupha	Ukubeka isikhathi ofuna ukuthi likuvuse ngaso iwashi
uTshiyozana	Igama lechwane elincane
imbudane	Indaba engazwakali
uTshiyo	Igama lechwane udadewabo kaHluphi
uHluphi	Igama lechwane elihluphayo
ngamafosi	ngezintambo
uyasikhohlisa	Akasitsheli iqiniso
uBathathe	Igama lenja engumngani kaKuku
isemishi	Isinkwa esifakwe into phakathi
lamantongomane	Elenziwe ngamakinati

Esifundweni 2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Lacishe lasishiya ibhasi lesikole'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 9

- **Buza,** "Babeyaphi la? Kuyini lokhu abakubelethilile? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Buza,** "Bayaphi abantwana baKuku uma ucabanga isihloko? Ingabe bayahamba yini noKuku nabangani bakhe?"
- **Babonise** amagama **'amagciwane, ngokudinwa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Bakuphi manje abangani? Ingabe balalele ini emsakazweni?"
- **Babonise** amagama **'umsweli, isigceme, kumasipala'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Benzani abangani? Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani oKuku noBathathe? "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'intukuthelo, ukuyilawula'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 13

- **Buza**, "Sebekuphi manje la? Ubani loya ome laphaya ngasendlini uma ucabanga?"
- **Babonise** igama '**saselwa, ukudabuka'** chaza ukuthi kuyini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ubani lo omile futhi ubani lo osetafuleni? Ingabe kuyini lokhu akubhalile? Hawu! Ingabe wenze kahle yini kusibizelo sakhe. Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**ngokuziqhenya, bamhalalisela'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Ingabe ubani lo okhuluma nothisha? Ucabanga wenze kahle yini kulokhu akuphethe? Ingabe ubhalile noma ubefunda? "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**bayamhawukela'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzekani manje la? Ingabe ubafundela indaba yini? **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Emuva kwendaba wenzenjani uthisha? Ucabanga ukuthi bayithokozele yini indaba? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe sikhathi sini esikoleni? Iyiphi imidlalo abayidlalayo?"
- **Babonise** amagama **'umphako, olwangeni'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Hawu ikati limnika ini uchwane? Ingabe liyamupha noma bayashintshana ngokudla?"
- **Babonise** amagama **'isikhathi sekhefu'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe sebeya emakhaya yini? Hayi bo! Benzani laba abalaphaya phezulu?"
- **Babonise** igama **'ukududana'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

- **Yisho,** “Sizogcina lapha namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
amagciwane	Izilwane ezincane kakhulu ezidala izifo
ngokudinwa	ngokucasuka
uMsweli	Isibongo somshayeli webhasi
isigceme	Indawo eyakhe imizi yabantu
kumasipala	Abantu abasebenza ukunikeza izidingo zempilo
intukuthelo	Inqubekela phambili
ukuyilawula	ukuzithiba
saselwa	Savuka emuva kwesikhathi
ukudabuka	Ukuzwela umuntu
bayamhawukela	Ukufisa ukuba omunye umuntu
umphako	Ukudla okulungiselele ukukudla uma usahambile ekhaya
olwangeni	Indawo engaphezu kolimu
isikhathi sekhefu	Isikhathi esifushane sokuphumula
ukududana	Ukwenza into kanyekanye kungabi bikho okhuza omunye

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Lacishe lasishiya ibhasi lesikole'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani lapho sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Base beyaphi la? Ingabe sasesiphumile isikole na? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi 22 ne-23

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Kungani bonke bevule amehlo? Ingabe kwenzenjani kuloya ohamba phansi?"
- **Babonise** amagama **'ngesililo, ngesibibithwane, inzwabethi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24 ne-25

- **Buza,** "Kwenzekani manje kumachwane? Sengathi kunenkinga, ucabanga ukuthi iyini inkinga?
- **Babonise** amagama **'ekhihla isililo, bamncesezela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26 ne-27

- **Buza,** "Hayi bo! Kwenzekani manje? Obani laba? Ingabe basemgwaqweni yini? Hayi bo naliya ibhasi, lizodlula kanjani la?"
- **Babonise** amagama **'izingqwembe, ngeso lokhozi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28 ne-29

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Kuyini lokhu abakuphethe manje abantu? Ingabe bantshontsha ezitolo? Ingabe bayatoyitoya yini? Lidlule kanjani ibhasi?"
- **Babonise** amagama **'isiphithiphithi, abajaha'**chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30 ne-31

- **Buza,** "Sebekuphi manje? Ingabe sebefikile ekhaya?"
- **Babonise** amagama **'ngephutha, ngokumangala'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32 ne-33

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe balalele ini emsakazweni? ucabangani ukuthi zizothini izindaba?"
- **Babonise** isisho **'bazovela enkantolo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34 ne-35

- **Buza,** "Zithini izindaba? Kungani uBathathe ephakamise isandla uma ucabanga?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36 ne-37

- **Buza,** "Ingabe zisaqhubeka yini izindaba emsakazweni?"
- **Babonise** amagama **'nesigxivizo, ukuziphihliza'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani.**"**
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ngesililo	ngokukhala
ngesibibithwane	ngezwi elinokukhala
ekhihla isililo	ukukhala kakhulu
bamncesezela	bamphephisela
izingqwembe	amabhodi aqinile
ngeso lokhozi	iso elibheke kakhulu
isiphithiphithi	uma abantu behla benyuka
abajaha	abagijimisa
ngephutha	ukwenza into ungahlelanga
bazovela enkantolo	bazoya ecaleni
nesigxivizo	isitembu
ukuziphihliza	ukushaya izinto ngamatshe lihlephuke

Esifundweni 4

- **Sekufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Lacishe labashiya ibhasi lesikole'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza, "**Ingabe yini emangaza uBathathe? Zizovuka ziyephi izingane uma ucabanga ngesihloko?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi uzobafica bevukile yini uKuku? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza, "**Yini eyayibethusa? Kungani uKuku ebakhombisa iwashi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bageza baya kuphi? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi siselwe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Uma ucabanga, ingabe walicupha yini uTshiyozana iwashi? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe lalizobashiya uma liyaphi ibhasi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani ayedidekile uTshiyozana? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi kungani uTshiyozana ethi sengathi ingabashiya ibhasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi sasiseduze yini isikole noma sasikude, usho ngani? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Kungani uKuku abafunela ibhasi lokuya esikoleni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Obani abahamba ngebhasi ukuza la esikoleni? Ungafisa yini ukuthi abazali bakho bakulethe ngemoto la esikoleni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzovuma yini uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi izobashiya yini ibhasi oHluphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2**
- **Buza**, "Balilunguzelani ibhasi oBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Lalifika ngasikhathi sini ibhasi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2**
- **Buza**, "Badla ini ngaphambi kokuya esikoleni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, Ingabe bazolithola yini ibhasi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Yini edina uBathathe? Yini amagciwane?"

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, “Kwakungekabani lengane eyayikhotha ifasitela? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2**
- **Buza**, “Ingabe ubani uMsweli?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, “Yini uMasipala? Ingabe babefuna ziphi izimfuno uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, “UBathathe wathi uke ezwe kuthiwani?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, “Ilimaza kanjani intukuthelo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, “Ingabe awani lamagama angawafundanga? Ingabe isibizelo yini?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, “Kungani engawafundanga amagama ekuseni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho,** “Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Lacishe labashiya ibhasi lesikole**' nesu **leminwe emihlanu.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani?

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Kukhona ayengakwenzanga uHluphi, kwakuyini? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzowabhala kahle yini amagama njengoba ethi akawafundanga?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzowathola wonke yini uma ubheka esithombeni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Mangaki amagama angawatholanga uHluphi? Kusho ukuthini ukuthi ngokuziqhenya?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani uHluphi ayethandeka kubangani bakhe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3**
- **Buza,** "Kungani ayesezothola enye incwadi uTshiyo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3**
- **Buza,** "Wena uyakuthanda yini ukunconywa? Wake wanconywa ubani? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe uKuku wayezoyithenga ngempela yini imoto?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3**
- **Buza,** "Ubani othanda izindatshana ezifundwa uthisha? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Babeyizwile yini indaba? Usho ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3**
- **Buza,** "Kungani aba namahloni uTshiyozana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2**
- **Buza,** "Kwakungani uHluphi engadli?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** "Kungani uHluphi engalithandi ibhotela lamantongomane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4**
- **Buza,** "Babezoshintshana ngani oHluphi nomngani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kwakuyini inhloso yabo yokudla basheshe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Wayefuna ukuhlala kuphi nendawo uTshiyozana ebhasini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Kungani babedudulana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi babexoxa ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ubani okhalayo manje?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Wayekhalelani uTshiyozana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 23

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Wayesikhohlwe kanjani isikhwama sakhe?"

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** "Kungani izingane zifuna ukuyizwa kahle indaba? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba iyoqhubeka kanjani.**

Basize ngokukwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.
Sithini isihloko sendaba? *Lacishe labashiya ibhasi.*
Sithini isisusa sendaba? *Balala bengalicuphanga iwashi baselwa.*
Ubani umlingiswa osemqoka? *UTshiyozana*
Yenzeka nini lendaba? *Ngenkathi eyadlula*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

- Bakhumbuze isihloko sencwadi 'Bacishe bashiywa ibhasi' nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 23

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24

- **Bafundele** imisho emi-3.
- **Buza**, "Konje iyiphi indaba eyayikhathaze uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhihla isililo? Wayesikhohlwe kuphi isikhwama uTshiyozana? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 25

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Wayezomsiza kanjani uHluphi udadewabo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuncesezela umuntu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini eyayingcono ngesikhwama sikaTshiyozana? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukunganeliseki?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani amaphoyisa ayebabheke ngamehlo okhozi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 27

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ayezobabophelani amaphoyisa abantu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Babewathethisa bethini amaphoyisa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Amaphoyisa ayebachazela ukuthini abantu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe abantu basafuna izimfuno zezidingo uma bethatha ezitolo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini bemile abantwana manje? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 29

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yayibenzani abanenkani ababemile ebhasini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe lagcina lifikile yini ibhasi emakhaya? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Wayephethwe uvalo lwani uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini ayeyibonga uKuku ngabantwana bakhe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 31

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kungani uHluphi ayethule?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe ubani omdala uTshiyozana noHluphi? Usho ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "UKuku wamtshela ukuthini uTshiyozana?"

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Izwi elinjani izwi losizi? Wayezowenza kanjani umsebenzi wesikole? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 33

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Babeboshweleni abantu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuvela enkantolo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-4.
- **Buza,** "Wayeyijikiselani ibhasi umshayeli?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "UHluphi wayefuna ini phambili eduze komshayeli? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 35

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Benzani abantu bahluleka ukulawula imizwa?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-4.
- **Buza,** "Kumnandi yini ukuboshwa? Usho ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?

Vula ikhasi 36

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Zazigcinwa isikhathi esingakanani isigxivizo seminwe yeziboshwa? Babeyigcinelani?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kwakwenzakalani uma ufuna umsebenzi kodwa wake waboshwa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 37

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yini okufanele sizilawule yona?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kuyini okufanele uyenze uma usuthukuthele? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 38

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Wena umuphi umuzwa okwazi ukuwubonisa?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kungani uHluphi ekhuluma ngokugeza izitsha?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Sinjani isiphetho salendaba?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuQondisisa.

1. **Isiphi isifundo okukhulunywe ngaso kule ndaba?** *Ukuthi uma uthukuthele kumele uyibambe imizwa yentukuthelo.*
2. **Wasishiya kanjani isikhwama sakhe uTshiyozana?** *Wasikhohlwa edeskini lakhe.*
3. **Wayewenza kanjani umsebenzi wasekhaya?** *UHluphi wamcelela kulabo afunda nabo ekilasini.*
4. **Kungani abantu babenganelisekile?** *Babenezimfuno abangazitholi kuMasipala.*
5. **Yini ongalahlakelwa yiyo uma wake waboshwa?** *Ungalahlekelwa umsebenzi ngenxa yesigxivizo neminwe eyathathwa ngenkathi uboshiwe.*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
1. Isiphi isifundo okukhulunywe ngaso kule ndaba?	
2. Wasishiya kanjani isikhwama sakhe uTshiyozana?	
3. Wayewenza kanjani umsebenzi wasekhaya?	
4. Kungani abantu babenganelisekile?	
5. Yini ongayiluza uma wake waboshwa?	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UNono, uKuku, noBathathe nabantwana babo.”
- **Buza, “U**bani ozoba uTshiyo, uTshiyozana, noHluphi?”
- **Buza,** “Ubani ozoba othisha kaHluphi nokaTshiyozana nomshayeli webhasi?”
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye basiza abalingiswa.”

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Kwakungeyani imidlalo eyayizoba khona?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Ogogo abayizelamani’ (Izinga lesi-3)

Ukulungiselela isifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Ogogo abayizelamani

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
abayizelamani	ogogo
ngamabhulokisi	iphoyisa
eneka izandla	ikhansela
iqili	uBathathe
izimvemvane	uHluphi
iziphungumangathi	uNtombenhle
amaqhubu	uNokuthula
kuwukuguquguquka kwempilo	uTshiyozana
zemvelo	uTshiyo
ichalaha	
injakazi	
zinyelezela	
wayezacili	
impesheni	
isikhungo	
abalimazanayo	
ompofu	
impesheni	
uNtombenhle	
uNokuthula	
ukumosha	
uNcinci	
niqaphelane	
ugula ngengqondo	
uphuzo	
ungowakwabani	

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
MaDlamini	
kwenile	
bavalelisa	
ngokusabela	
libika	
ukungihlukumeza	
kuvulande	
kwadilizwa	
ikhansela	
wababazi ibhadi	
bamxilonga	
yabanakekelayo	
umazisi	
izigcwelegcwele	
njengenjwayelo	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** “Nibonani? Kwenzekani? Kukuphi lapha uma ucabanga?
- **Buza, “**Ingabe uyathengisa noma uyaphisana? Usho ngani?”
- **Yethula** isihloko sencwadi: **‘Ogogo abayizelamani’**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**



- **Buza, “Qagela i**zokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?”

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** “Le incwadi yesi-2 kuleli zinga lesi -3, zikhona ezinye ezi-4 esizozifunda uma siqeda le.”

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza, “**Obani laba? Kukuphi lapha futhi kwenzakalani uma ucabanga? Usabakhumbula abantwana bakaKuku abathathu ebesifunda ngabo ezincwadini esizifundile? Esani lesi sihlahla?”
- **Babonise** igama ‘**abayizelamani’ chaza** kusho ukuthini.
- **Buza,** “Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza, “**Ingabe kwenzakalani manje? Kukwabani kulemizi? Ubani loya osemnyango?”
- **Babonise ama**gama **‘ngamabhulokisi, eneka izandla’ chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, “Kw**enzakalani manje? Kukuphi la? Konje obani abangani abathathu? Qagelani sekuzokwenzakalani?”
- **Babonise** amagama **‘iqili, izimvemvane, iziphungumangathi, amaqhubu’ chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 6

- **Buza, “**Bakhuluma ngani la? Ingabe uthini uBathathe? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”
- **Babonise** igama **‘kuwukuguquguquka kwempilo’ chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** “Yini le? Kwaba nezinja eziningi kwenzenjani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”
- **Babonise** amagama **‘ichalaha, injakazi, zinyelezela’ chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza:** “Ingabe bayaphi manje oBathathe namachwane kaKuku? Yini le esemlonyeni? Uzoyenzani?”
- **Babonise** amagama **‘zemvelo’ chaza** kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 10

- **Buza,** “Ucabanga ukuthi okabani lomuzi? Ingabe bazokwazi yini ukungena oBathathe? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 11

- **Buza:** “Hayi bo! Obani laba akhuluma nabo? Ingabe bakhuluma ngani? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”
- **Babonise** igama **‘wayezacile’ chaza** kusho ukuthini**.**
- **Yisho,** “Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
abayizelamani	Abazalwa ngokulandelana umama nobaba oyedwa
ngamabhulokisi	Izitini ezinkulu
eneka izandla	ukulandula
iqili	Umuntu ongathembekile
izimvemvane	Isinambuzane esinemibalabala esindizayo
iziphungumangathi	Isilwane esisagoqekile esizophuma sesizomila amaphiko
amaqhubu	Izinto eziphakeme endaweni eqondile
kuwukuguquguquka kwempilo	Ukushintsha uma ukhula
zemvelo	Into edaliwe ezenzekalelayo
ichalaha	Inja yesilisa
injakazi	Inja yesifazane
zinyelezela	Ukuzala imidlwane
wayezacile	ondile

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Ogogo abayizelamani'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 11

- **Buza, "**Sithe bakhuluma ngani laba ogogo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uyamshaya noma bayalwa? Ake ubheke endlini, yini le egcwele phansi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**impesheni, isikhungo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Hayi bo! Bathini manje oBathathe emaphoyiseni? Ucabanga ukuthi azokwenzenjani amaphoyisa? Hayi bo! Bayaphi manje obathathe njengoba begibela evenini yamaphoyisa? "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**abalimazanayo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ubonani la? Lenzani phoyisa? Kungani engehlanga amachwane?"
- **Babonise** igama **'ompofu'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Hawu! Lenzani phoyisa? Ingabe lizobabopha yini iphoyisa uma ucabanga?"
- **Babonise** amagama **'lamncoma, impesheni, uNtombenhle, uNokuthula'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ubani lo ofikayo? Hayi bo! Iphoyisa seliphethe induku nesiphuzo?"
- **Babonise** amagama **'ukumosha, uNcinci, niqaphelane'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
impesheni	Imali yomhlalaphansi
isikhungo	Indawo yokusebenzela
abalimazanayo	Abashayanayo balimale
ompofu	Umuntu onebala elikhanyanyo
impesheni	Imali eholwayo yomhlala phansi
uNtombenhle	Igama lomunye walaba ogogo
uNokuthula	Igama lomunye wabogogo
ukumosha	Ukusebenzisa into isheshe iphele
uNcinci	Igama lomuntu wakwamakhelwane
niqaphelane	Ninakane, nibhekane

Esifundweni 3

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Ogogo abayizelamani'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kungani iphoyisa liphethe induku nesiphuzo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi 22 ne-23

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe bayaphi iphoyisa nalomama? Yini le ebhalwa iphoyisa?"
- **Babonise** amagama **'ugula ngengqondo, uphuzo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24 ne-25

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Lizothini iphoyisa njengoba selibuya? Ingabe likhuma ngani manje iphoyisa?"
- **Babonise** amagama **'ungowakwabani, MaDlamini'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26 ne-27

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Wenzani uBathathe? Hawu! Sebeyaphi manje? Ingabe bayabaleka yini?"
- **Babonise** amagama **'kwenile, ikhansela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28 ne-29

- **Buza,** "Ayaphi manje amachwane? Hawu! Ekabani le moto efikayo? Ingabe sebezosiza ogogo yini?"
- **Babonise** amagama **'bavalelisa, ngokusabela, libika'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30 ne-31

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Kuyini Hayi bo! Ingabe bazohlanza indlu yogogo yini? Bamenzani lo osebhavini? Bamenzani lo omunye?"
- **Babonise** amagama **'ukungihlukumeza, kuvulande'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32 ne-33

- **Buza,** "Yini lokhu manje okulethe ukudla? Ingabe balethele ogogo yini?"
- **Babonise** amagama **'kwadilizwa, ikhansela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34

- **Buza,** "Ingabe ubani lo okhuluma nogogo? Ucabanga ukuthi uthini kubo?"
- **Babonise** amagama **'wababaza ibhadi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 35

- **Buza,** "Hayi bo! Obani manje laba abaze kubo kaKuku? Ingabe ikhansela yini? Ucabanga ukuthi sebezothini?"
- **Babonise** amagama **'ukuniklomelisa, sizonimema, amaqhawe'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36

- **Buza,** "Ubani lo ohlezi emubhedeni? Obani laba abakhuluma naye? Ingabe usesibhedlela noma ekhaya lakhe?"
- **Babonise** amagama '**bamxilonga, yabanakekelayo, umazisi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 37

- **Buza,** “Hayi bo! Sekwenzenjani manje la? Bambeletheleni umuntu omdala? Ingabe ulimele noma uyagula?”
- **Babonise** igama **‘izigcwelegcwele, njengenjwayelo’** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** “Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho, “S**iyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani**.”**
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ugula ngengqondo	Ukungacabangi izinto ezifanele
uphuzo	Ukuphuza utshwala
ungowakwabani	Usuke ebuza isibongo
MaDlamini	Owesifazane ozalwa kwaDlamini isibongo sakhe
kwenile	Kunotshani obukhulile
bavalelisa	Ukulayela uma usuhamba
ngokusabela	ngokucabangela
libika	lisho
ukungihlukumeza	Ukuphatha kabi umuntu
kuvulande	Indawo engaphambi komnyango enophahla phezulu
kwadilizwa	kwabhidlizwa
ikhansela	Umuntu okhethiwe ukunakekela izidingo zabantu
Wababaza ibhadi	wangavuma
bamxilonga	Ukuhlola umuntu uma egula
yabanakekelayo	Ababheka abantu babasize
umazisi	i-ID
izigcwelegcwele	izigebengu
njengenjwayelo	Into evame ukwenzeka

Esifundweni 4

- **Sekufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Ogogo abayizelamani'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-3.
- **Buza, "**Kwenzakalani la? Uthini uTshiyozana, ingabe uyafuna ukuyokha amapentshisi? Ucabanga ukuthi akabani lamapentshisi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza, "**Wena ucabanga ukuthi kuhlala bani? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza, "**Ingabe bathethisa bani futhi obani labo abathethayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Lo gogo ingabe wayethethisa bani? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe wayeqinisile yini ukuthi ufuna ukubathuma?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani babecabanga ukuthi lo gogo akaphilanga ekhanda?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Wayekade ethethisa ubani lo gogo uma ucabanga? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bazothini oHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani uKuku ecabanga uthi bajahwa uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini iqili? Kungani uJakalase bembiza ngeqili? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Yini isiphungumangathi futhi ingabe bazozenzani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani ayethule uTshiyozana?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzothini uBathathe uma ezwa ukuthi babone inja? Ingabe awani amaqhubu angaphansi kwesisu uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Uma ingeyesifazane lenja kusho ukuthi yinile engamaqhubu kuyo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe yini le abaxoxele ngayo abayifundile esikoleni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuzalana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza**, "Kuthiwa yini inja yesifazane? Eyesilisa yona kuthiwa yini?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza**, "Kuthiwa yini abantwana benja? Bancela isikhathi esingakanani? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Ingabe yini ebahlekisayo bonke?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani uBathathe efuna ukuyobona kulomuzi? Ucabanga ukuthi bazothola yiphi inkinga?

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazothola yiphi inkinga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Babezozenzani oHluphi izimvemvane? Likhona yini itafula kuleli elakho ikilasi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Yini uguquguquko lwempilo yezimvemvane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi ubani othethayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza**, "Ingabe obani laba abathethisana ngokudla? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi kungani babengaphenduli?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi sasinjani isimo salaba ogogo uma ubheka esithombeni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe kwakuyini inkinga yalaba ogogo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi yini le ayeyiphuza lo gogo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza**, "Kanti lo omunye ugogo wayengaholi yini yena? Kuyini imali yempesheni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi azosiza kanjani amaphoyisa kulesi simo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Wena uyayazi inombolo yamaphoyisa njengoHluphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Inganekwane kaNsimose**' nesu **leminwe emihlanu.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani?"

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Konje ithini inombolo yamaphoyisa? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza**, "Kungani beshayana laba ogogo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi azokwenzani amaphoyisa? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ingabe bazithola benzani ogogo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Yini ababezofike bayenze oHluphi uma bengena nephoyisa?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazothini ogogo bebona amaphoyisa?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Kungani babefihlelana ukudla? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe yini le ayeyiphuza emhloshana?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi lizokwenzani iphoyisa ngenduku?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** "Kungani ugogo ethi uBathathe uthanda izindaba? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe liyafana yini igama lakhe nalokhu akwenzayo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** "Babehlobene kanjani laba ogogo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Kungani bebanga imali? Kungani lo omunye engenayo imali?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Wayeyithathaphi ugogo Ntombenhle imali? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe wayeyaphi uNcinci?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi limncomelani iphoyisa uNcinci?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani omakhelwane kufanele baqaphelane? Uphila kanjani wena nomakhelwane bakho? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Yini inkinga eyayikhona kulaba ogogo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Yini angayifuni ugogo uNokuthula?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Kungani ugogo uNokuthula engafuni ukugqoka izingubo abamthengele zona? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazothini laba ogogo kuBathathe ngoba esele nabo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**

- **Buza,** “UNcinci wathi baphila impilo enjani laba ogogo?”
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** “Zaya kuphi izingane zalaba ogogo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 23

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza,** “Kungani uNcinci ethi abahlalisene kahle?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Yini le ehlupha ugogo Ntombenhle?”
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** “Sifo sini abasisolayo ukuthi unaso? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho, “Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba iyoqhubeka kanjani.**

Basize ngokukwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.
Sithini isihloko sendaba? *Ogogo abayizelamani.*
Sithini isisusa sendaba? *OHluphi bathola ogogo bethethisana ngenkathi befuna izimvemvane.*
Ubani umlingiswa osemqoka? *UBathathe*
Yenzeka nini lendaba? *Ngenkathi eyadlula*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Ogogo abayizelamani'** nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 23

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Ingabe sifo sini ababesola ukuthi siphethe ugogo Ntombenhle? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24

- **Bafundele** imisho emi-3.
- **Buza**, "Babebasize ngani oNcinci?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Babephila kanjani oNcinci bona? Ingabe babehlala benokudla yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Nkingani le okuthiwa inkulu? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 25

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kwakungabakwabani labo ogogo isibongo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kwakungelakwabani iphoyisa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Babehlobene kanjani ogogo nephoyisa uDlamini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Lalizokwenzenjani iphoyisa ukubasiza laba ogogo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Isiphi isimo sempilo esasingajabulisi ngalaba ogogo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani iphoyisa lithi akuzukuphuma inyoka nje? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 27

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Iphoyisa Dlamini lalizikhalela lithini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini umakhalekhukhwini? Lalizowenzani iphoyisa?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Yimuphi umsebenzi omkhulu owawenziwe oBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wayeqinisile uTshiyozana uma ethi ufuna ukuyochama?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini indlu encane?
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Babebongelani kuNcinci? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 29

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yini ikhansela? Lisiza ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Benzani manje abantu abafike nekhansela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe ikhansela lizobasiza kanjani ogogo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Babezokwenzani abesifazane bona?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Hawu! Babezikhiphelani izingubo?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi indlu yayishaya umoya? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 31

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kungabe ugogo uNokuthula uyavuma ukuthi bamgunde?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kungani ethi bayamhlukumeza?
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazohlala nobani laba ogogo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Likusaphi ukudla leli veni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazolidla yini leli phalishi ogogo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi kade akugcina okuya ngasethunjini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Yisiphi lesi siphuzo esasifunwa ugogo uNokuthula?" Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 33

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi isiphi lesi sikhungo esishiwo ikhansela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzovuma yini ukuya emtholampilo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe ubani lowo muntu ozosala nogogo Ntombenhle? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kungani ugogo Ntombenhle ayengafuni ukusala noNcinci?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wayenaye yini umuntu amaziyo ayengahlala naye?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzothini ngakusasa ugogo uNtombenhle? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 35

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ingabe bazobamemelani emhlanganweni?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Babezoklonyeliswa ngani oBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Yini eyenza babe namahloni manje? Kanti kubi yini ukuklonyeliswa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuxilongwa? Ingabe eyani imithi abamnika yona uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yini umhlalaphansi? Bakunikezelani imali yomhlalaphansi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Wagcina esenjani ugogo uNokuthula? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 37

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Ingabe yini izingcwelengcwele? Ucabanga ukuthi zamenzani?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ingabe wasizwa ubani njengoba ayengafuni ukuhlala nabantu?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kwakungeke kwenzeke ngempela yini uma ugogo Nokuthula wayesahlala naye? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 38

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzovuma yini ukuya esibhedlela?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Ingabe usahlala yedwa namanje?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.

- **Buza,** "Sifundo sini asithola ugogo uNtombenhle? Sinjani isiphetho salendaba?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuQondisisa.

1. **Isiphi isifundo esatholwa ugogo uNtombenhle?** *Akukuhle ukuhlala wedwa.*
2. **Kungani ogogo behola imali yempesheni?** *Yingoba sebegugile abasakwazi ukuya emsebenzini.*
3. **Kwatholakala kanjani ukuthi kunogogo abayizelamani abahlala beshayana?** *OHluphi babefuna izimvemvane ezifuneka esikoleni base bezwa umsindo base beyosho ekhaya uBathathe wase eyobona wabiza amaphoyisa.*
4. **Kuyini umsebenzi wekhansela?** *Ukunakekela izidingo zomphakathi.*
5. **Bazuzani oBathathe ngokusiza laba ogogo?** *Baklonyeliswa izindondo zokuba amaqhawe emphakathini.*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
1. Isiphi isifundo esatholwa ugogo uNtombenhle?	
2. Kungani ogogo behola imali yempesheni?	
3. Kwatholakala kanjani ukuthi kunogogo abayizelamani abahlala beshayana?	
4. Kuyini umsebenzi wekhansela?	
5. Bazuzani oBathathe ngokusiza laba ogogo?	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” nabantwana bakaKuku, uHluphi, uTshiyozana noTshiyo.
- **Buza, “U**bani ozoba iphoyisa uDlamini noNcinci?”
- **Buza,** “Ubani ozoba ikhansela nabantu afika nabo bezosiza?”
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye basiza abalingiswa.”

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Kwakungeyani imidlalo eyayizoba khona?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?’ (Izinga lesi-3)

Ukulungiselela isifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
inkundla	uTshiyozana
ngiyahalela	uTshiyo
sekuhlwile	uNono
msedlana	uBathathe
emijana	onoshobishobi
bazodoba	uKuku
abafowabo	uHluphi,
izihlwele	izinhlanzi
emseleni	
ziphunyuka	
ucwazi	
nezilokazana	
ayifezeki	
inhloso	
ngiyobagada	
wanyobozela	
ukushwabadela	
izinswelaboya	
onoshobishobi	
impelasonto	
bamduduza	
ukuyigcinela	
akathandisisi	
uzomuncoma	
ephaphama	
onoshobishobi	

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ngokudinwa	
waligqolozela	
ishadi	
eguquguquka	
mkhudlwana	
unyamalale	

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buze,** "Nibonani? Obani laba? Kwenzekani? Kukuphi lapha uma ucabanga? Nisabakhumbula encwadini esiyifundile?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?

- **Buza, "Qagela i**zokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-3 kuleli zinga lesi -3, zikhona ezinye ezi-3 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza, "**Obani laba? Kukuphi lapha futhi benzani uma ucabanga? Usabakhumbula abangani abathathu namachwane kaKuku ebesifunda ngabo ezincwadini esizifundile"
- **Babonise** amagama '**uKuku, uHluphi, uTshiyozana, inkundla, ngiyahalela' chaza** kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza, "**Ingabe lithini leli elimhlophe ichwane? Ayaphi lawa machwane amabili uma ucabanga? Abheke agqoke kanjani?"
- **Babonise ama**gama **'sekuhlwile, msedlana' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "Kw**enzakalani manje? Asekuphi amachwane manje? Kuyini lokhu okufana nezinhlanzi? Qagelani sekuzokwenzakalani?"
- **Babonise** amagama **'emijana, bazodoba' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Asebekuphi manje amachwane? Ingabe bazobukela ibhola yini? Ucabanga ukuthi imaphi amaqembu adlalayo? Ingabe iqembu lezokuluhlaza selifake igoli yini uma ubheka? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'abafowabo, izihlwele'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza:** "Benzani manje emanzini? Ingabe sebeyadweba yini izinhlanzi? Hayi bo ingabe bayazidla yini?"
- **Babonise** amagama **'emseleni, ziphunyuka' chaza** kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Hayi bo! Benzani manje? Ucabanga ukuthi bazozibamba yini lezi zinhlanzi? Kuyini lokhu abakusebenzisayo? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ucwazi, nezilokazana'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza:** "Ingabe sebeyaphi manje? Bheka isikhwama, sigcwele izinhlanzi yini? Uma ucabanga bazoze bafike nazo ekhaya yini? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ayifezeki, inhloso' chaza** kusho ukuthini**.**
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
uKuku	isikhukhukazi
uHluphi, uTshiyozana	Amachwane kaKuku
inkundla	Indawo yokudlala ibhola
ngiyahalela	Ngiyafisa
sekuhlwile	Sekuba sebusuku
msedlana	Umsele omncane
emijana	Emide kancane
bazodoba	Bazobamba izinhlanzi
abafowabo	Abafana ozalwa nabo
izihlwele	Abantu abaningi abahlangene ndawonye
emseleni	Umgodi ohamba amanzi amancane
ziphunyuka	Ziphume ezandleni zibaleke
ucwazi	uplastiki
nezilokazana	izinambuzane
ayifezeki	ayiphumeleli
inhloso	Injongo /isizathu sento

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?'**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 13

- **Buza, "**Base bekuphi la? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne 15

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi elani leli bhodlela? Nangu uKuku enikeza ichwane, lizofaka ini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bawabhekeleni amakhekhe? "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**ngiyobagada'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Sebenzani manje lapha? Uyaphi uBathathe noNono? Kuyini lokhu abakufake ebhodleleni? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Aphetheni amachwane? Ubani loya ohamba laphaya ngaphansi kwezihlahla? Naba sebebuya beyongena ekhaya oBathathe kodwa ubani lo oza emuva kwabo?"
- **Babonise** amagama **'wanyobozela, ukushwabadela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22 ne-23

- **Buza,** "Hawu! Basindile yini kuJakalase? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24 ne-25

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Yini le abayiphethe? Hayi bo! Ingabe izinhlanzi noma yini? Ucabanga ukuthi uthini uKuku njengoba ephethe ibhodlela?"
- **Babonise** amagama **'izinswelaboya, onoshobishobi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ngiyobagada	Ukuyobabheka ukuthi ayikho into ezobalimaza
wanyobozela	Ukuba namahloni
ukushwabadela	Ukugwinya into ungayihlafunanga
izinswelaboya	izigebengu
onoshobishobi	Umntwana weselesele

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?'**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 25

- **Buza,** "Ubephetheni uKuku la ebhodleleni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi 26 ne-27

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Kwenzakalani ebhodleleni? Ucabanga ukuthi ngeke yini zife lezi zinhlanzi?"
- **Babonise** amagama **'impelasonto, bamduduza'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28 ne-29

- **Buza,** "Ubonani manje? Ingabe kuzodliwa ini namuhla? Kuphi kanti ukudla?"
- **Babonise** igama **'ukuyigcinela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Kudliwani? ingabe yilaya makhekhe esiwabonile yini?"
- **Babonise** igama **'akathandisisi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 31

- **Buza,** "Hayi bo! Ayaphi manje amachwane? Ingabe aya esikoleni? Liphetheni leli elimhlophe ichwane?"
- **Babonise** amagama **'uzomuncoma, ephaphama'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ucabanga ukuthi liyaphi leli bhasi?"
- **Babonise** amagama **'onoshobishobi, ngokudinwa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 33

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Uthisha kabani lona? Banika ini uthisha? Ucabanga ukuthi uzothini?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34 ne-35

- **Buza,** "Hayi bo! Benzani manje? Kuyini le eyenziwa uthisha? Umjikelezo wani lo? Ucabanga ukuthi uzothini uHluphi ukubona lokhu?"
- **Babonise** amagama **'waligqolozela, ishadi'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36 ne-37

- **Buza,** "Hayi bo! Yini le esekuqaleni? Bese kuba yini? Emuva kwamaqanda kuba yini?"
- **Babonise** amagama **'eguquguquka, mkhudlwana, unyamalale'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "S**iyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani**."**
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
impelasonto	uMgqibelo nesonto
bamduduza	bamkhuthaza
ukuyigcinela	ukuyibekela
akathandisisi	akathandi kahle
uzomuncoma	uzomtshela ukuthi kuhle lokhu akwenzile
ephaphama	evuka ebuthongweni
onoshobishobi	amaxoxo asemancane
ngokudinwa	ngokucasuka
waligqolozela	walibuka kakhulu
ishadi	iphepha elikhulu elinemidwebo ethile
eguquguquka	eshintshashintshayo
mkhudlwana	inkulu kancane
unyamalale	awusekho, usukile

Esifundweni 4

- **Kufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?'**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-3.
- **Buza, "**Wayethi bahambe baye kuphi oHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza, "**Kungani uKuku ethi abahambi noTshiyozana?"
- **Akufunde omunye umfundi emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga uzomvumela yini uTshiyozana ukuba ahambe naye? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza, "**Kungani ayethi akangahambi uTshiyozana?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini eyayijabulisa? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi sekuhlwile? Kunani ukuhamba ebusuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bazotholani kulomsele wamanzi uma ucabanga? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi kwakuyizinhlanzi zangempela yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzophatha imali yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Zazinjani lezi zinto? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uHluphi wayecabanga ukuthi kwakuyini lezi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi balifica yini ibhola? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ingabe iliphi iqembu abalilandelayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Iliphi iqembu elizophumelela uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Hawu! Iliphi kanti iqembu likaTshiyo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza**, "Ubani owake wabukela umdlalo noma kumabonakude? Kwenzakalani uma kungena igoli? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Ingabe bayazidla yini lezi zilokazana?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza**, "Njengoba ziphunyuka ucabanga ukuthi bazoziyeka yini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Kuyini ucwazi? Ingabe uzobasiza yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bazophumelela yini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, “Bazothola ezingaki?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, “Kusho ukuthini ukuthi gxa, gxa? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, “Hawu! Sebeyaziyeka yini lezi zilokazana?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, “Kuyingozi ngani ukulahla ucwazi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- Buza, “Ucabanga ukuthi bazotholani ekhaya ezobasiza?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza**, “Yini wena ongayisebenzisa ukubamba lezi zilokazana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2**
- **Buza**, “Ucabanga ukuthi umcabango omuhle ibhodlela? Usho ngani?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, “Ucabanga ukuthi uzovuma yini uKuku nebhodlela? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho,** “Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?'** nesu **leminwe emihlanu.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani?

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Yini abayicela kumama wabo ukuyobamba izilokazane? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe uzobanika yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Kwakuyizinhlanzi yini lezi abazibonile emseleni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Balandelana bayaphi manje?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Yini inkinga ukuhamba ilanga selishonile? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Yini engabavelela ebusuku?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi sekuhwalala? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe babebone kahle ukuthi izinhlanzi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi oBathathe babezobasiza ngani oHluphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe basazozithola yini lezi zilokazana uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazothini uma befika emseleni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Kwase kusikhathi sini uma beqeda ukukha amanzi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi sebeyesaba yini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ufunani uJakalase la?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4 olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe uyingozi yini uJakalase kuHluphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Wayewenzani amachwane uJakalase uma engabonwa?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ubeyaphi uJakalase ngoba esho kanje manje? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Yini iqili? Kungani uBathathe ethi uJakalase uyiqili?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "UJakalase ubefuna ukubenzani oHluphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 23

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** "Wayezophinde akhulume athini naye?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Kungani uBathathe ezethemba kangaka? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba iyoqhubeka kanjani.**

Basize ngokukwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.
Sithini isihloko sendaba? *Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?*
Sithini isisusa sendaba? *OHluphi bebefuna ukuyobuka ibhola kanti bazohlangana nezilokazana emseleni, base becabanga ukuthi izinhlanzi bazidoba.*
Ubani umlingiswa osemqoka? *UHluphi*
Yenzeka nini lendaba? *Ngenkathi eyadlula*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Kanti indalo iyisimangaliso kangaka?**' nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 23

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Ingabe wayethini la uBathathe? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24

- **Bafundele** imisho emi-3.
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uNono akamesabi yini uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kungani uNono emsaba uJakalase? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 25

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kwakuyini kanti le ababeyibambe emseleni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kwakuyini kanti? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wayefuna ukubenzani laba onoshobishobi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Wayezoxoxa ngani uTshiyo yena? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 27

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Babemduduzelani uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Uthi wenze njani yena uBathathe ngenkathi iqembu lakhe lehluliwe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kuphi ukudla abazokudla?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini ababezoyidla? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 29

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Babezobanikani oHluphi uma beqagele kahle?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Wathi ufunani uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuncintela ingane ukudla? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ubani ongayithandisisi inyama nobhanana?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani engawadli amadumbe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 31

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani engalalanga uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani ayejabula? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wayedinwa yini uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Uthuleleni manje uHluphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 33

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kanti kungani uthisha ethi bazozibona izinhlanzi zikaHluphi ukuthi ziyini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wayengaboni yini uthisha ukuthi onoshobishobi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi elani leli shadi uma ubheka isithombe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini ejabhisa uHluphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 35

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Wayekhombe ini uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ingabe usezothini uthisha uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Isifundo sani uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yini evela emaqandeni eselesele?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-4 elandelayo.
- **Buza,** "Yini igama lamaqanda anomsila nekhanda? Iyiphi imilenze emilayo emva kwesikhathi?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2 elandelayo.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi lisuke lingakakwazi ukuphila ezweni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 37

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kwenzakalani kunoshoboshobi ngesikhathi umzimba ukhula? Kuthiwa yini uma sekunemilenze?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kwenzakalani uma umsila usunyamalele? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 38

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Wagcina ebonile yini ukuthi akusizo izinhlanzi lezi?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kungani ayeziqhenya uHluphi uma eyobeka ibhodlela etafuleni?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuQondisisa.

1. **Babeyaphi oHluphi beze bebona onoshobishobi?** *Babeyobuka umdlalo webbhola.*
2. **Ubani owayefuna inyama yechwane?** *UJakalase.*
3. **Babasiza kanjani oBathathe oHluphi kuJakalase?** *Babavala imilomo babaleka nabo.*
4. **Wathola kanjani uHluphi ukuthi wayephethe onoshobishobi hhayi izinhlanzi?** *Wathola emuva kwesifundo sikathisha.*
5. **Sasithini isifundo sikaThisha?** *Wayefundisa ngoguquguquko kwempilo yeselesele.*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
1. Babeyaphi oHluphi beze bebona onoshobishobi?	
2. Ubani owayefuna inyama yechwane?	
3. Babasiza kanjani oBathathe oHluphi kuJakalase?	
4. Wathola kanjani uHluphi ukuthi wayephethe onoshobishobi hhayi izinhlanzi?	
5. Sasithini isifundo sikaThisha?	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UBathathe, uNono, uJakalase noKuku
- **Buza, “**Obani abazoba uHluphi noTshiyo?”
- **Buza, “U**bani ozoba uthisha kaHluphi
- **Buza,** “Obani abazoba abanye abafundi abafunda noHluphi?”
- **Buza, “**Obani abazoba onoshobishobi?”
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye basiza abalingiswa.”

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Sifunda njalo’ (Izinga loku-3)

Ukulungiselela isifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.



Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
uBathathe	uKuku
umakadebona	uNono
kwakucace njengezinqe zesele	uHluphi
ngokugcizelela’	inkosikazi
iyancelisa	amabhodlela
ukwahlukahlukana	uTshiyo
siwafukamela	uBathathe
siwaqhwandele	
ngesigqi	
wamncoma	
washo entshweni	
icimbi	
isiphungumangathi	
eqabungeni	
ngoltumeleng Khune	
Ronaldo	
kuhhavini	
yithatha	
ucezwana	
bekunonkosikazi	
zokonga	
angizukunilibazisa	
bakuphaka	
ngesitokofela	
ifoyela	

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
udoti	
ukunciphisa	
noshatini	
amagciwane	
nomsijwana	
ivasi	
mvundo	
zizumbuke	
enkonkozela	
acwebile	
seyiwumgunu	
izicucu	
bekhonka	
esisonga	
silola	
nobucule	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Nibonani? Nisasikhumbula yini isikhukhukazi, uKuku? Kukuphi lapha uma ucabanga?
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Sifunda njalo'**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Sifunda njalo

- **Buza, "Qagela i**zokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-4 kuleli zinga lesi -3, zikhona ezinye ezi-2 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN
-

Vula ikhasi 1

- **Buza, "**Ubonani la? Baze bangihalisa bo! Badla ini? Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe kusekhaya noma esikoleni, usho ngani?"
- **Babonise** amagama **'uBathathe, uHluphi' chaza** obani laba.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza, "**Udla kanjani lo? Ingabe kusasenguye uBathathe na? Bakhuluma nobani futhi bakhuluma ngani?"
- **Babonise** amagama **'umakadebona,** isisho **'kwakucace njengezinqe zesele' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza, "**Ingathi iyaqhubeka lengxoxo, ingabe ithini na? Obani laba asebekhona la? Qagelani sekuzokwenzakalani?"
- **Babonise** amagama **'uTshiyo, ngokugcizelela' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4

- **Buza, "**Wenzani manje esikhwameni uma ucabanga? Elani iphepha alikhipha esikhwameni? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'uTshiyozana, ayiwazaleli, ngokuguquguquka' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Kuthiwa yini le eboniswa eshadini? Ingabe olwani lolu guquguquko uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise amagama 'iyancelisa, ukwahlukahlukana' chaza kusho ukuthini.**

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza:** "Yini le manje? Olwani lolu guquguquko? Siyasibona lesi sikhukhukazi, senzani" Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'siwafukamela, siwaqwandele' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Hayi bo! Olwani manje lolu guquguquko esilubonayo? Kuqale kube yini? Luyazalela yini amaqanda uvemvane? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'icimbi, isiphungumangathi, eqabungeni'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza:** "Ingabe kukuphi la? Yini le abayifaka ewodilobhu? Ubani lo odlala intambo? Ucabanga ukuthi weqa kangaki? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ngesigqi, wamncoma, washo entshweni' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza:** "Kwenzekani manje la? Bheka unina wenzani ekhishini? Bazodla ini namuhla? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ngoItumeleng Khune, Ronaldo, kuhhavini' chaza** kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
uBathathe	Igama lenja
umakadebona	Umuntu osephile isikhathi eside
uHluphi	Ichwane likaKuku
kwakucace njengezinqe zesele	Into esobala
uTshiyo	Ichwane udadewabo kaHluphi
ngokugcizelela’	ukwenzisisa
iyancelisa	Ukupha abantwana ubisi olusebeleni
ukwahlukahlukana	ukungafani
siwafukamela	Siwafudumeze ukuze kukhule ichwana eqandeni
siwaqwandele	Siwafunele ukudla
ngesigqi	Ngomgqumo
wamncoma	wamkhuthaza
washo entshweni	Ushaye khona
icimbi	Isibungu esiphuma eqandeni
isiphungumangathi	Isibungu esizophuma sibe uvemvane
eqabungeni	ecembeni
ngoltumeleng Khune	njengomdlali weqembu laBafana Bafana
Ronaldo	Umdlali webhola odumile
kuhhavini	Ingxenye yesitofu yokubhaka

Esifundweni 2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Sifunda njalo'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 13

- **Buza, "**Wayesenzani uKuku la? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne 15

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uKuku? Ingabe kusekuseni noma ebusuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**yithatha, ucezwana'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Benzani manje uma ucabanga? Kungani bebambana ngezandla "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'bekunonkosikazi, zokonga' chaza** kusho ukuthini

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Wenzani uNono noBathathe laphaya ngaphandle? Enzani amachwane manje uma ucabanga?"
- **Babonise** amagama **'angizukunilibazisa, bakuphaka'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Sengathi uKuku uyaxoxa, ingabe ubaxoxela ngani? Wenzani manje uKuku kulelibhokisi?"
- **Babonise** amagama **'ngesitokofela, ifoyela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22 ne-23

- **Buza,** "Hawu! Bafunani emgqonyeni kadoti? Ingabe uzowenzani amabhodlela? Usekhuluma ngani manje futhi uKuku?"
- **Babonise** amagama **'udoti, ukunciphisa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24 ne-25

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Kuyini le ayiphethe uKuku? Hayi bo! ubafundisani?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
yithatha	Usheshe athatheke enze into
ucezwana	Ucezu oluncane
bekunonkosikazi	Owesifazane oshadile
zokonga	Ukungamoshi izinto
angizukunilibazisa	Ukunichithela isikhathi
bakuphaka	Ukufaka ukudla esitsheni
ngesitokofela	Ngomhlangano womama wokufundisana
ifoyela	Iphepha elicwebezelayo
udoti	Into engcolile
ukunciphisa	Ukuphungula

Esifundweni 3

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Sifunda njalo'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 25

- **Buza,** "Babexoxa ngani la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi 26 ne-27

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Kungani uKuku epheka amabhodlela? Ingabe yini le ebomvu?"
- **Babonise** amagama **'noshatini, amagciwane'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28 ne-29

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Bakhamisa bonke nje kwenzenjani? Babonani le ethusayo?"
- **Babonise** igama '**nomsinjwana, ivasi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30 ne-31

- **Buza,** "Hayi bo! Ekabani lengadi manje? Kwenzekani manje? Bheka enzani amachwane?"
- **Babonise** amagama **'imvundo, zizumbuke'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32 ne-33

- **Buza,** "Benzani ngamabhodlela wamapulasitiki? Wena ungawenzani amabhodlela? Ingabe lithini ichwane manje? Ucabanga ukuthi usekha engadini konke lokhu akuphethe?"
- **Babonise** amagama **'enkonkozela, acwebile'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34 ne-35

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ukhuluma ngani manje uKuku? Bambukani? Ingabe wenzani lobaba olapha phansi? Kuyini le ayinamathelisa phansi sengathi amathayili?"
- **Babonise** amagama **'seyiwumgunu, izicucu, bekhonka'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36 ne-37

- **Buza,** "Hayi bo! Izitsha bazozenzani? Nangu uKuku esika leliphepha elicwebezelayo, kwenzenjani! Ingabe kungani?"
- **Babonise** amagama **'esisonga, silola, nobuchule'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "S**iyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani uma sesiyifunda incwadi.**"**
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
noshatini	Ukudla okubabayo okwenziwe ngopelepele
amagciwane	Izilwane ezincane ezithanda ukungcola
nomsinjwana	Umsindo omncane
ivasi	Ibhodlela lokufaka izimbali
mvundo	Umhlabathi olungele ukutshala izitshalo
zizumbuke	Zimile kanyekanye
enkonkozela	Ukumkhiphela ulimu
acwebile	Ehlanzekile ethule
seyiwumgunu	Yahlephuka isibambo
izicucu	Izingcezu ezincane
bekhonka	Befaka usimende
esisonga	esigoqa
silola	Ukwenza into engasasiki iphinde ibe bukhali
nobuchule	Ukuhlakanipha kokwenza izinto

Esifundweni 4

- **Kufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Sifunda njalo'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- **Bafundele imisho emi-4.**
- **Buza, "**Babebuya kuphi oHluphi? Bathi kwenzakalani ngalesi sikhathi sonyaka? Sikhathisini sonyaka lesi esikuso manje?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Uthi ubeqinisile ngani uBathathe?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Hawu useyabona yini manje uHluphi? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza, "**Usho ukuthini uBathathe uma ethi yena ungumakadebona?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi kwakucace njengezinqe zesele?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Wena uyakwazi ukubona inhlanzi nonoshobishobi? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Kuyini uguquguquko lwempilo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Wayezozenzani izimvemvane uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Babezofunda ukuthini ngovemvane? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza**, "Ingabe lunjani olwenja?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Hayi bo! Iyawazalela yini inja amaqanda? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Inja yenza njengabantu kanjani? Usho ukuthini uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Uthi ivele ithole umntwana hhayi amaqanda, yini okunye ekwenzayo njengomuntu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani amabele enja emaningi kanti awomuntu mabili kuphela?" Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Isikhukhukazi sona siqala kanjani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Emuva kwamaqanda kwenzakalani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Isikhukhukazi siwagada kuze kube nini amachwane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Yini ehlekisa oHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe uKuku usho yiphi inhlanhla ababanayo oHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani ethi mabangazikhulumi lezo zindaba? Ingabe likhona ichwane elake lathathwa uJakalase? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "UVemvane lona luqala ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Yini elandela iqanda? Kuyini isiphungumangathi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Sisebenza ini isiphungumangathi? Siphuma ngaphandle sesiyini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Wena ungasho ukuthi mangaki amazinga okukhula kovemvane?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe basho kahle oTshiyo? Ake usho nawe."
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Wathini uBathathe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza**, "Kungani uKuku ebonga enconcoza? Kusho ukuthini ukubonga unconcoza?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuncoma? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi ufunda liphi ibanga uTshiyozana njengoba esekwazi ukubala nga-5?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukusho entshweni? Ubale kahle yini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani uNono encoma uTshiyozana? Ake nibale nani nisuke ku 50 nihlehle? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- Buza, "Wayelingisa bani uTshiyo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Niyamazi uRonaldo? Owakuliphi izwe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe sekuyisikhathi sokudla yini manje?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe uyakubhaka yini ukudla noma uyakufudumeza? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni 5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Siyafunda njalo'** nesu **leminwe emihlanu.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani?

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Ubenzani la uKuku? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ubamemezelani uKuku abantwana bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ubani othanda ukwenza umsebenzi wasekhaya? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kufanele yini ukuthinta ukudla ngezandla?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Yini ithatha? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Wena uyathandaza yini ngaphambi kokudla?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe kwakukudla kuni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Kwakukudla kuni lokhu ababekudla?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3**
- **Buza,** "Yini ababefunde ngayo oKuku? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe yini enye ayifundile uKuku ngaphandle kokupheka?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini le azobafundisa yona uKuku? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Kungani uBathathe kunguye obheka isango uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Wathola ukuthi kuhamba kanjani ngaphandle. Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kuyini ukonga? Kanti ingabe bebefunda ngakuphi ukonga?"

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 olandelayo.**
- **Buza,** "Bebefunda ngokonga ini oKuku? Kusho ukuthini ukuthi awuze nazo ngize nendleba? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe uzowenzani lamabhodlela uKuku uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Zenziwe ngani lezi zinto azikhiphayo uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini ifoyili? Ingabe uzozenzani zonke lezi zinto? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini wena ongayenza ngalamabhodlela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini ebebefunda ngayo oKuku? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 23

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe iziphi lezi zinto ezintathu afuna bazenze kuleli khaya?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Babezokwenzani ngezinto ezindala?" Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba iyoqhubeka kanjani.**

Basize ngokukwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? *'Sifunda njalo'.*

Sithini isisusa sendaba? *OHluphi babebuya esikoleni bekade befunda ngoguquguquko lwempilo yemvelo.*

Ubani umlingiswa osemqoka? *UKuku*

Yenzeka nini lendaba? *Ngenkathi eyadlula-Entwasahlobo.*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Siyafunda njalo**' nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 23

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Ingabe iziphi lezi zinto ezintathu abazifundile oKuku? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24

- **Bafundele** imisho emi-3.
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzothini uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wena ungalenzani ibhodlela lemayoneyesi? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 25

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Musebenzi muni lo omkhulu oshiwo uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani uBathathe encoma umsebenzi wothisha? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kungani bewapheka amabhodlela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Lifakwe lani emanzini abilayo ibhodlela emva kokuvalwa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 27

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza,** "Kungani belibilisa futhi ibhodlela selinokudla?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ungalenzani ibhodlela uma uqeda ukulisebenzisa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yini eyenziwa umoya osebhodleleni uma ufuna ukugcina ukudla?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusuke kuzokwenzakalani uma uvula ibhodlela lingenzi umsindo?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini uKuku ayezoyenza kuqala? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 29

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza,** "UNono yena wacabanga ukwenza ini ngamabhodlela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-5 elandelayo.**
- **Buza,** "Uthisha KaTshiyo ulenze ini yena ibhodlela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza,** "Lomcabango uthi uzowenzani amabhodlela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani ezofaka amaphephandaba?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini imvundo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 31

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza,** "Ingabe bakhumbula ini oTshiyo noHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kwakungani bebhunyela amanzi ngamabhakede ezitshalweni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Uyalazi ikani lokunisela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kungani bezovula izimbobo kuthulitha?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Wake wawucabanga lombono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Umbono onjani lo kaTshiyozana? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 33

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza,** "Ubani ofisa ukuba nombono wakhe ngamabhodlela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini ukunkonkozela? Kungani uHluphi enkonkozela uTshiyozana? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**.
- **Buza,** "Ingabe yini abazoyenza entsha ngezinto ezindala?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini engenziwa ngenkomishi ephukile uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 35

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yini engenziwa ngezitsha eziyizicucu?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Iyiphi enye indlela abangasebenzisa izintsha eziphukile? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yini ubuchule nobuchwepheshe? Ubani ozobhekana nokwenza indlela?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-4.
- **Buza,** "Ubani owayesiza uBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 37

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Uyayazi ifoyili? Kungani igoqwa kangaka?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kwenziwelani lokho?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani besika ngesikelo ifoyili? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 38

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kungani kufanele kwenziwe konke lokhu?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukusebenzisa izinto futhi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Bambongelani uKuku?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

1. Yini ababefunde ngayo oHluphi mayela nokuzalana? Babefunde ngoguquguquko lovemvane.
2. UKuku wafunda ngani emhlanganweni womama? Babefunde ngokonga.
3. Kungani wayebafundisa ngokonga? Ingoba kufanele banakekele imvelo nokugcina izwe lihlanzekile..
4. Yini ongayenza ngamabhodlela amapulasitiki? Ungenza ikani lokunisela/ Ungafaka umhlabathi utshale kuwo.
5. Yini ongayenza ngefoyili? Ungayigoqa bese uyisika ngesikelo ukuze siloleke.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
1. Yini ababefunde ngayo oHluphi mayelana nokuzalana?	
2. UKuku wafunda ngani emhlanganweni womama?	
3. Kungani wayebafundisa ngokonga?	
4. Yini ongayenza ngamabhodlela amapulasitiki?	
5. Yini ongayenza ngefoyili?	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UNono noBathathe?”
- **Buza, “U**bani ozoba uKuku?”
- **Buza, “**Obani abazoba amachwane kaKuku?”
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye basiza abalingiswa.”

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Kusadliwa ngoludala’ (Izinga lesi-3)

Ukulungiselela isifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Kusadliwa ngoludala

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
waligqashula	uKuku
ithanga	uBathathe
walicwecwa	uNono
zimpunzi	uHluphi
waligxabhisa	uTshiyo
ukubamangaza	uTshiyozana
isijingi	umcimbi
isinambathi	ukudla
seyintshwamile	
emqinisekisisa	
asiluhlobele	
amagugu	
emzansi	
mncintiswano	
umcaba	
igula	
ibheshu	
ngesicoco	
nezinjobo	
ukungcweka	
ayizigqebhezana	
emcimbini	
likhipha umkhovu etsheni	
wakwaSiklabhu	
kwamaXhosa	
njengaMaNdebele	

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
nezindlubu	
kwamaSwazi	
okwamaBhunu	
nomqwayiba	
kusulubha	
yachochobala	
osari	
obhiriyani	
osamusa	
izimenywa	
izikhulu	
isihambeli	
iqhaza	
ikwamazibonele	
ogimbela kwesabo	
bangalokothi	
ukuhlola	
ayevunule econsa	
ayehlobe	
esiteji	
ezophumelela	
imithobanhliziyo	
kwinxanxathela	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buze,** "Nibonani? Obani laba, usabakhumbula yini? Kwenzekani? Kukuphi lapha uma ucabanga?
- **Yethula** isihloko sencwadi: '**Kusadliwa ngoludala'**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Kusadliwa ngoludala

- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuthi kusadliwa ngoludala? Qagela **i**zokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-5 kuleli zinga lesi -3, ikhona enye eyo-1 esizoyifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza, "**Ubonani la? Ubani lona? Usamkhumbula yini uKuku? Kukuphi lapha uma ucabanga, usho ngani?"
- **Babonise** amagama '**waligqashula, ithanga' chaza** kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza, "**Hayi bo! Yenzani inkukhu manje? Ubani othanda ukudla ithanga?"
- **Babonise ama**gama **'walicwecwa, zimpunzi, waligxabhisa' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza, "**Yini le esephepheni? Uzenzani izintanga? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'ukubamangaza' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Uphekani uKuku ngethanga uma ucabanga? Hayi bo! Naba etafuleni, ingabe badla ini? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'wabonda, bethokomele' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza:** "Kudla kuni lokhu? Uyasazi yini isijingi? Wake wasidla yini? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'isijingi, isinambathi, seyintshwamile, emqinisekisisa' chaza** kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Hayi bo! Ukuphi namuhla uKuku? Ucabanga ukuthi umhlangano wani? Ucabanga ukuthi uKuku ubuyaphi njengoba engena endlini? Enzani amachwane? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza:** "Kwenzakalani la ekhaya? Ucabanga ukuthi ukhuluma ngani uKuku? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'asiluhlobele, amagugu, emzansi' chaza** kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza:** "Ingabe kwenzenjani manje? Wenzani uKuku, uNono noBathathe? Hayi cha wonke umuntu uyasebenza, yini le ezoba khona? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'mncintiswano, umcaba, igula' chaza** kusho ukuthini**.**
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
waligqashula	Ukulikha ngendluzula lihlephuke phakathi
ithanga	Isitshalo esivela emifinweni
walicwecwa	Ukususa amakhasi ngommese
zimpunzi	Imbewu yethanga
waligxabhisa	walibilisa
ukubamangaza	Ukwenza umuntu amangale
isijingi	Ukudla okuphekwe ngethanga kanye nempuphu
isinambathi	Elinye igama lesijingi
seyintshwamile	Imifino seyomile
emqinisekisisa	Ukunikeza umuntu isiqiniseko
asiluhlobele	Ukugqoka kahle kakhulu
amagugu	Izinto ezithandwa isizwe
emzansi	Izwe laseNingizimu Afrika
mncintiswano	umqhudelwano
umcaba	Izinkobe ezigayiwe ngetshe
igula	Into eyenzelwe ukuhlala amasi

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Kusadliwa ngoludala'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 13

- **Buza, "**Bebenzani abangani abathathu namachwane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Bagqoke imvunulo yasiphi isizwe? Ingabe kwenzenjani njengoba begqoke kanje? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**ibheshu, ngesicoco, nezinjobo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Bheka amachwane agqoke kanjani wona? Alwelani manje? Uma ubheka isithombe sokushiwo ichwane, ingabe likhuluma ngani? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**ukungcweka, ayizigqebhezana'** chaza kusho ukuthini

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Hayi bo! Benzani manje uKuku nabangani bakhe? Ingabe sekuyisikhathi sokudla yini manje? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- Babonise igama **'emcimbini, sisho 'likhipha umkhovu etsheni'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Kwenzekani manje?Ingabe bagqoke njengasiphi isizwe bezimvunulo esawolitshi? Kudla kuni abakuphethe? Bheka ngapha, bagqokeni laba zengubo enemibalabala? Ingabe isiphi iszwe esigqoka kanjena? Baphethe kudla kuni?"
- **Babonise** amagama **'wakwaSiklabhu, kwamaXhosa, njengaMaNdebele'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22 ne-23

- **Buza,** "Bheka izinja zigqoke njengasiphi isizwe? Baphethe kuphi ukudla? Bheka amahhashi wona agqoke njengasiphi isizwe? Baphethe kudla kuni? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'nezindlubu, kwamaSwazi, okwamaBhunu, nomqwayiba, kusulubha'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 24 ne-25

- **Buza,** "Bagqoke njengasiphi isizwe lezi zingulube? Ziphethe kudla kuni? Bheka izinkomo zona zigqoke njengasiphi isizwe, futhi baphethe kudla kuni?"
- **Babonise** amagama **'yachochobala, osari, obhiriyani, osamusa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26 ne-27

- **Buza,** "Bakuphi la? Sekugcwele kangaka, kanti bazokwenzani la uma ucabanga?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'izimenywa, izikhulu, isihambeli, iqhaza'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ibheshu	Imvunulo egqokwa abesilisa bamaZulu
ngesicoco	Sithwalwa amadoda amaZulu
nezinjobo	Zigqokwa kanye nebheshu
ukungcweka	Ukudlala ngezinduku
ayizigqebhezana	amafushane
emcimbini	Umsebenzi wokugubha usuku oluthile
likhipha umkhovu etsheni	Libalele kakhulu
wakwaSiklabhu	izimvu
kwamaXhosa	Abantu abangamaXhosa
njengaMaNdebele	Abantu abangamaNdebele
nezindlubu	Ukudla okucishe kufane nobhotshisi
kwamaSwazi	Abantu abangamaSwazi
okwamaBhunu	Abantu abangabelungu
nomqwayiba	Inyama eyomisiwe
kusulubha	Kushukela owuketshezi
yachochobala	Yagcadwa yosiwa yabangathi insundu
osari	Ingubo yamaNdiya
obhiriyani	Ukudla kwamaNdiya
osamusa	Ukudla kwamaNdiya
izimenywa	Abantu abamenyiwe
izikhulu	Abantu abasezikhundleni eziphezulu
isihambeli	Umuntu ofikile ovakashile
iqhaza	Ingxenye ethile

Esifundweni 3

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Kusadliwa ngoludala'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 27

- **Buza,** "Bakuphi la? Bazokwenzani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi 28 ne-29

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe ubani lo okhulumayo, ukhuluma ngani uma ucabanga?"
- **Babonise amag**ama **'ikwamazibonele, ogimbela kwesabo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30 ne-31

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Isikhulumi sesiqedile yini manje? Enzani amantombazane lawa? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'bangalokothi, ukuhlola'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 32 ne-33

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Babhalani laba abaphethe amaphepha? Wena uthanda kuphi ukudla? Bheka laba abashaya izigubhu, ingabe benzani manje? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ayevunule econsa, ayehlobe'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 34 ne-35

- **Buza,** "Benzani manje? Ingabe bayaqhudelana yini? HHayi bo! Benzani laba manje, bakhuluma ngani? Ingabe kuyawinwa yini? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'esiteji, ezophumelela'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 36 ne-37

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ezani izinombolo? Ingabe bayawina yini? Nangu uKuku bemnika inombolo -1, ingabe baphume phambili yini?"
- **Babonise amagama 'imithobanhliziyo, kwinxanxathela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "S**iyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani uma sesiyifunda incwadi.**"**
- **Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.**

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ikwamazibonele	La abantu benza abakuthandayo
ogimbela kwesabo	Ukudla wedwa uncishe abanye
bangalokothi	bangayenzi
ukuhlola	Ukubheka okuhamba kahle
ayevunule econsa	Ayegqoke izimpahla zesintu

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ayehlobe	Ayegqoke kahle
esiteji	Indawo ephakeme yokuma ukhulume
ezophumelela	ezowina
imithobanhliziyo	Eyokudududza inhliziyo
kwinxanxathela	Izinto eziningi ezihlangene

Esifundweni 4

- **Kufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Kusadliwa ngoludala'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-4.
- **Buza, "**Ingabe uzolenzani uKuku leli thanga uma ucabanga? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi uthini lomqondo obuyayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini izimpunzi? Ucabanga ukuthi uzopheka ini ngethanga uKuku? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kungani ezibeka ngaphandle izimpunzi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe upheka ini uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uKuku uzobamangaza ngokupheka ini? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ubani owaziyo ukuthi uphekani uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bazokudla yini lokhu kudla, ithanga nempuphu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Kubizwa ngokuthi yini lokhu kudla? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ubani ozodla lokhu kudla uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucelani uHluphi, uNono noTshiyozana?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzodla yini uBathathe uma elazi igama lokudla? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4.**
- **Buza**, "Kwakuyini lokhu kudla okwakuphekwe uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ulithathephi uKuku leli thanga?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bazokha yini badle uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4**
- **Buza**, "Uyaphi manje uKuku? Umayelana nani lomhlangano?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza**, "Yini ayifundile uKuku kulomhlangano wamakhosikazi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani uKuku ethi usethembe uBathathe benoNono? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi yini ababezoyenza ngalolu suku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ujahe ukwenzani uKuku ekhaya? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, “Wayebonga ini uKuku? Babemsize ngani?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, “Yini eyayijahwe izingane zikaKuku? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, “Kusho ukuthini ukugubha usuku? Lunini usuku lwabesifazane?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, “Babezolugubha kanjani lolu suku lwabesifazane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, “Wayekhethe siphi isizwe uKuku?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, “Babezobonisa kanjani isizwe samaZulu oKuku?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** “Mklomelo muni owawuzotholwa uma uphumelele? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- Buza, “Ingabe babhekani lapha ekhaya?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, “Ucabanga ukuthi ubani ozokhetha amasi?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** “Ubani owake wadla inyama yenhloko? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Ukhethe ukwenzani uNono yena?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, “Babenzani oHluphi no Tshiyo?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** “UTshiyozana yena wayezokwenzani? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho,** “Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Kusadliwa ngoludala**' nesu **leminwe emihlanu.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani?

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Kungani bebepheka la? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi wayevunule? Ingabe isiphi isizwe esigqoka kanje?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Ake usho igqoka ini indoda endala yomZulu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Imuphi umehluko phakathi kwemvunulo yendoda endala neyensizwa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Wayekwenzelani lokho? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Injani imvunulo yezingane? Kungani beshayana?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza**, "Babejaheni oHluphi njengoba bebuza nje?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kanti kwakungokabani umcimbi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Niyalazi leli culo? Liculeni ngaphambi kokuphela kwesifundo."
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Wayejabuliswe yini uTshiyozana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "UKuku wayegqoke njengobani? Obani abagqoka isidwaba?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Kungani babehamba nokudla?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe zazingekho izimoto emandulo? Babehamba ngani indawo ekude? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe kwakusenkundleni yani le?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-.4.**
- **Buza,** "Owani lomcimbi?" Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Adla kudla kuni amaXhosa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ubani owazi imvunulo yamaXhosa? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Bagqokani omama bamaNdebele?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Adla kudla kuni amaNdebele ? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Obani abakwabhova? Agqoka kanjani amaSwazi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Kudla kuni okudliwa amaSwazi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 23

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** "Obani amaBhunu? Bagqoka kanjani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-4.**
- **Buza,** "Kudla kuni okudliwa amaBhunu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba iyoqhubeka kanjani.**

Basize ngokukwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? *Kusadliwa ngoludala.*

Sithini isisusa sendaba? *Kwakuzoba usuku lomama befunda ukupheka ukudla okuhlukene emhlanganweni wamakhosikazi.*

Ubani umlingiswa osemqoka? *UKuku*

Yenzeka nini lendaba? *Ngenkathi eyadlula-*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Kusadliwa ngoludala** nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 23

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Wawugqoke njengobani umndeni wakwahhashi? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24

- **Bafundele** imisho emi-3.
- **Buza**, "Zinjani izingubo zesilungu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Badla kudla kuni abelungu? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 25

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Agqokani amaNdiya?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kudla kuni abakudlayo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi imuphi umndeni ozophuma phambili?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe sasizothini lesi simenywa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 27

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini izikhulu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini isihambeli sosuku? Sasidume ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Sakhuluma ngani isikhulumi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ayeyibonga? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 29

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini esayincoma futhi yini esayigcizelelela? Kusho ukuthini ukuthi kukwamazibonele?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuba ogibhela kwesakhe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Sasesijahe kuphi isikhulumi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe umuphi umndeni ozophumelela uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 31

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Agqoka kanjani amantombazane abeSotho, amaVenda nawamaShangane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kwakuyini umklomelo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yimuphi umndeni owawuzophumelela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 33

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Usola muphi umndeni ozophuma phambili? Usho ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ubani okwazi ukushaya indlamu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini izihlwele?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe azowina yini amantombazane lawa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 35

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Ingabe babethole ini?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-.4
- **Buza,** Ancoma athini amajaji? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Kwakuyini imithobanhliziyo?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Batholani abaphume isibili? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 37

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Yimuphi umndeni ophume phambili?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3 elandelayo.
- **Buza,** "Wawungenze njani uma kwakuphumelele wena? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 38

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Wawungaphaka ini wena uma wawukulomcimbi?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-4.
- **Buza,** "Kwakuyini inhloso yalolu suku?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuQondisisa.

1. **Kwakungowani umcimbi?** *Kwakugujwa usuku lwabesifazane.*
2. **Isiphi isfundo sitholayo kulendaba?** *Ubuhle bezizwe ezahlukene nokudla abakudlayo.*
3. **Ingabe bawina ini abaphuma phambili futhi babebukisa siphi isizwe?** Bawina ivawusha yokuyolala eThekwini badle abakuthandayo, babemele isizwe samaZulu.
4. **Yimuphi umndeni owawina?** Umndeni kaKuku.
5. **Kwakuyini inhloso yalomhlangano?** Ukwakha ubungani.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
1. Kwakungowani umcimbi?	
2. Isiphi isifundo sitholayo lulendaba?	
3. Ingabe bawina ini abaphuma phambili futhi babebukisa siphi isizwe?	
4. Yimuphi umndeni owawina?	
5. Kwakuyini inhloso yalomhlangano.	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UNono , uKuku, uBathathe namachwane kaKuku
- **Buza, “U**bani ozoba imindeni eyahlukahlukene?”
- **Buza,** “Amantombazane ayeshaya indlamu?”
- **Buza, “**Ubani ozoba isikhulumi?”
- **Buza, “**Obani abazoba Amajaji?
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye basiza abalingiswa.”

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Abangani baya eholidini’ (Izinga lesi-3)

Ukulungiselela isifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Abangani baya eholidini

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
Sizoba nenhlanhla	uKuku
eSouth beach	uNono
eBallito	uBathathe
emcimbini	uTshiyo
siyopakisha	uHluphi
sinohambo	uTshiyozana
ngobunono	ulwandle
eThekwini	eThekwini
olwandle	pakisha
lwaluqhuma phezulu uhleko	
izimambana	
kuyojabha	
isicabha	
yashosholoza	
eshabalala	
unyanyavu	
kukheliyana	
linamagwebu	
amagagasi	
igumbi	
ehhotela	
okwakubaxaka	
kukhonya yena	
e-Shaka Marine	
isihlabathi	

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
emashaweni	
imuvi	
kunyenyeza	
e-Snake Park	
sakusihlwa	
bazitika	
bashaya esentwala	
ningangigili	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buze,** "Nibonani? Obani laba sengathi sike safunda ngabo ezincwadini ezedlule? Kwenzekani? Kukuphi lapha uma ucabanga?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Abangani baya eholidini'**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**



- **Buza, "**Qagela **i**zokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-6 kuleli zinga lesi -3, zikhona ezinye ezisezingeni lesi-4 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza, "**Ubonani la? Obani laba? Usabakhumbula yini? Baphetheni uma ucabanga, usho ngani?"
- **Babonise** amagama '**sizoba nenhlanhla' chaza** kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza, "**Hayi bo! Bafunda ini la? Bheka isithombe ingabe sibonisa kuphi? Ebhishi noma edamini?"
- **Babonise ama**gama **'eSouth beach, eBallito' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza, "**Benzani manje? Ucabanga ukuthi esani lesi sidlo abasidlayo? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'emcimbini' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "B**adla ini manje amachwane noKuku uma ucabanga? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'siyopakisha, sinohambo' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza:** "Sekwenzakalani manje? Enzani amachwane? Bhekani oKuku nabangani bakhe, benzani manje? Kuyini le abayehlisayo? Ingabe bazowenzani amapotimende? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi kuyiwa kuphi? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**eThekwini, olwandle, umuka'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza:** "Ingabe benzani manje ekameleni lokugeza? Ucabanga ukuthi bapakisha ini? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'ngobunono' chaza** kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza:** "Hhayi bo! Ingabe bajabulile noma bayakhala? Usho ngani? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'lwaluqhuma phezulu uhleko, izimambana' chaza** kusho ukuthini**.**
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
Sizoba nenhlanhla	Ukuthi izinto zikuhambele kahle
eSouth beach	Igama lebhishi eseThekwini
eBallito	Indawo phambi kwaseThekwini uma uya ngakwaZulu
emcimbini	Umsebenzi wokugubha usuku oluthile
siyopakisha	Ukufaka izimpahla esikhwameni uma uzohamba
sinohambo	Sinendlela esizoyihamba
ngobunono	Ngokunakekela kahle
eThekwini	Indawo ekwaZulu Natali egudla ulwandle.
olwandle	Emanzini amaningi
lwaluqhuma phezulu uhleko	Babehleka kakhulu kuzwakala ngaphandle
izimambana	Abantu abagangile

Esifundweni 2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Abangani baya eholidini'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 13

- **Buza, "**Bebejabuliswe yini uma ucabanga isihloko sendaba? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi enzani amachwane manje? Bheka uKuku, ingabe uthini uma ucabanga? Ucabanga ukuthi kusebusuku noma kusemini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**kuyojabha, isicabha'** chaza kusho ukuthini

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Kwenzakalani manje la? Ingabe afile amachwane noma alele zwi? Hayi bo! Ingabe kwenzakalani ngalemoto? Ingabe bayaphupha yini? Ucabanga ukuthi ubani lo ophuphayo? "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**yashosholoza'** chaza kusho ukuthini

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Ubonani la? Kwenzekani manje? Ingabe wenzani manje uHluphi? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise i**gama '**eshabalala'** chaza kusho ukuthini

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Hhayi bo! Ingabe sekuyahanjwa yini? Enzani wona amachwane? Hhayi bo! Ingabe isibalandile yini imoto? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- Babonise amagama **'unyanyavu, kukheliyana'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 22 ne-23

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Seyiphikelele kuphi imoto uma ubheka amabhodi emgwaqeni? Ucabanga ukuthi sebethini oHluphi manje?"
- **Babonise** amagama **'linamagwebu, amagagasi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24 ne-25

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe sebefike kuphi la? Ingabe ihhotela la abazohlala khona yini? Ingabe athini amachwane uma ucabanga? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'igumbi, ehhotela, okwakubaxaka'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 26 ne-27

- **Buza,** "Hawu! Bheka amachwane, asekuphi manje? Ingabe uHluphi yini lo osesemanzini? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**kukhonya yena, e-Shaka Marine' chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 28 ne-29

- **Buza,** "Hayi bo! Yini le manje? Bheka benzani manje? Wena wawungenzenjani uma kufanele ugibele isikebhe?"
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
kuyojabha	kuyodumala
isicabha	isivalo
yashosholoza	Yagijima kakhulu
eshabalala	enyamalala
unyanyavu	Imoto entsha
kukheliyana	Into yokulayisha izinto phezu kwemoto
linamagwebu	Into eyenziwa yinsipho
amagagasi	Amanzi aphushwa umoya
igumbi	ikamelo
ehhotela	Indawo yokulala ekhokhelwayo
okwakubaxaka	Okwakubamangaza/ kubadida
kukhonya yena	Kuphethe yena
e-Shaka Marine	Igama lendawo esethekwini

Esifundweni 3

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Abangani baya eholidini'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 29

- **Buza,** "Bebenzani la oNono noBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi 30 ne-31

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Bagezelani manje? Yini le abayidlayo manje? Ingabe bakuphi la? Ubani owake wayobuka imuvi?"
- **Babonise amagama 'isihlabathi, emashaweni, imuvi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32 ne-33

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Bakuphi manje? Benzani? Ingabe uthini uHluphi? Bheka amachwane, alele yini manje? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise amagama 'kunyenyeza, e-Snake Park'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 34 ne-35

- **Buza,** "Sebekuphi manje la? Ingabe badla kuphi e-Wimpy noma kuphi? Ucabanga ukuthi uzothini bazodlani la? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'sakusihlwa, bazitika, isisho 'bashaya esentwala'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 36 ne-37

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe sebeyaphi? UBathathe kungani ebelethe uHluphi? Ingabe sebekuphi futhi sebenzani?"
- **Babonise amagama 'ningangigili, bazihudula'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "S**iyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani uma sesiyifunda incwadi**."**
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
isihlabathi	Inhlabathi etholakala ebhishi
emashaweni	Amanzi okugeza aphuma empompini elenga phezulu
imuvi	Indaba eyisiqephu esisodwa
kunyenyeza	kuhlebeza
e-Snake Park	La kugcinwe khona izinyoka
sakusihlwa	sasebusuku
bazitika	Ukudla kakhulu

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
bashaya esentwala	Basutha kakhulu
ningangigili	ningangenzakalisi
bazihudula	Bahamba kancane bengafuni

Esifundweni 4

- **Kufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Abangani baya eholidini'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- **Bafundele imisho emi-3.**
- **Buza, "**Iyiphi le nhlanhla akhuluma ngayo uNono? Niyayikhumbula incwadi esiyifundile ethi, 'Kusadliwa ngoludala? Imuphi umndeni owaphuma phambili? Niyakhumbula ukuthi bawina ini oKuku nomndeni wakhe? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza, "**Kubhalwe kuphi lokhu abakushoyo? Ubani owake waya ebhishi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazokhetha UMhlanga yini? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ingabe iluphi lolu suku akhuluma ngalo uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ayedle kumuphi umcimbi amachwane? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Iliphi ihhotela abasebezibona bekulo? Babeyokwenzani ehhotela? Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Bapakisha ini futhi bayaphi abangani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Lwaluyaphi uhambo lwabo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe eyani injabulo abanayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi intokozo yayibhalwe emehlweni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ubani owake waya eholidini? Wapakisha izimpahla ezinjani? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ubani owake waya olwandle? Ingabe wabhukuda yini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ubani osaba ulwandle njengonono? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kungani bethi uNono uzodonswa uBathathe uma bebhukuda?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ubaliselani uNono kangaka? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ubani owake wakhohlwa izinto zokugeza? Wageza ngani? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi ngeke yini bazikhohlwe ekuseni izinto zabo zokugeza? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kungani uzifaka eceleni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini izimambana? Nina senake nalubona ulwandle? Ubani owake waya ebhishi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Abangani baya eholidini'** nesu **leminwe emihlanu.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani?

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Babehlekani oHlubi? Babejabuliswa yini? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukujabha? Ukhona yini kini ongajabulela ukusala abanye beya eholidini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuqeketha? Kungani babengalali?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Kuyini ukusola umuntu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzokwenzenjani uma evuka? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Ubani owake waphupha ememeza futhi ebaleka? Kwenzekani? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Isililo sani leso esivusa oTshiyo? Yini eyayicasula uHluphi ephusheni? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi owakwabo? Wena ubani owakwenu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wazizwa enjani uHluphi emuva kwephupho?" Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuzicwala?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-4 elandelayo.**
- **Buza,** "Kukhonani e-Snake Park uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini unyanyavu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wawungazizwa kanjani uma wawungoHluphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wayebona liphi idamu uTshiyozana? Lungakanani ulwandle? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 23

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Wayesabani uTshiyozana manje?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzoya yini uTshiyozana ukuyobhukuda njengoba esaba nje? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba iyoqhubeka kanjani.**

Basize ngokukwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Sithini isihloko sendaba? *Abangani baya eholidini'.*

Sithini isisusa sendaba? *Umndeni kaKuku wawina ukuthi baye eholidini.*

Ubani umlingiswa osemqoka? *UKuku*

Yenzeka nini lendaba? *Ngenkathi eyadlula-*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Sithini isihloko sendaba?	
Sithini isisusa sendaba?	
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Yenzeka nini lendaba?	

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Abangani baya eholidini**' nesu **leminwe emihlanu.**

Vula ikhasi 23

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 24

- **Bafundele** imisho emi-2.
- **Buza**, "Kuyini ubukhazikhazi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani babethuka ukubona abafana nabo ezibukweni? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 25

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini eyayibaxaka ngezibuko? Kungani bezishayisa ezibukweni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 26

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kwakuyini inkinga kaBathathe nesibuko?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani ayengayifuni enye inja? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 27

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ubani owayesaba amanzi kakhulu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ubani osaba amanzi phakathi kwenu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 28

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Wake wasibona yini isikebhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani uNono ayebeke ithemba kuBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 29

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe akasesabi yini uNono? Ukwenzani ukujuza? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 30

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe babezohlala izinsuku ezingaki?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi basebeqaqekile? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 31

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe wayeyazela kuphi imuvi uBathathe njengoba esebahola?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani kuba mnyama la kubukwa khona imuvi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 32

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Uthi kungani uBathathe kufanele kube mnyama?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini inkinga uma kukhanya? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 33

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani oTshiyo benoTshiyozana bengayithokozelanga imuvi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ababefisa ukuyibona e-Snake Park? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 34

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzokhetha kuphi ukudla uTshiyo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini ukukhokhisa? Wayekhokhisa ukuthini uTshiyo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 35

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Wayebasize ngani uKuku ukuze babe la eThekwini?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2 elandelayo.
- **Buza,** "Konje wayenze yiphi imisebenzi uKuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 36

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Kungani sebeziphonsa nje?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "UKuku wathi kufanele benzeni ngaphambi kokulala? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 37

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe yini eyayibakhathazile bonke?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wayebakhuza ukuthini uKuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 38

- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-3.
- **Buza,** "Wawungaphatheka kanjani wena senibuyela ekhya?"
- **Akufunde omunye umfundi** imisho emi-2.
- **Buza,** "Babengathini uma engadlula nabo ekhaya labo ngoba belele?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuQondisisa.

1. **Babeyokwenzani eThekwini?** *Babeye eholidini.*
2. **Babeyithathephi imali?** *Bawina ivawusha yeholidi.*
3. **Ubani owayesaba kakhulu amanzi?** *UNono owayesaba amanzi kakhulu.*
4. **Ngokubona kwakho, ingabe lihambe kahle leli holidi? Usho ngani?** *Lihambe kahle ngoba bazijabulisa ezindaweni abazikhethele zona?*
5. **Yini le eyayidida oBathathe ngenkathi besehhotela?** *Izibuko ezazibonisa abanye abafana nabo.*

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
1. Babeyokwenzani eThekwini?	
2. Babeyithathephi imali?	
3. Ubani owayesaba kakhulu amanzi?	
4. Ngokubona kwakho, ingabe lihambe kahle leli holidi? Usho ngani?	
5. Yini le eyayidida oBathathe ngenkathi besehhotela?	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa uKuku, noBathathe noNono?"
- **Buza, "U**bani ozoba uHluphi namachwane?"
- **Buza,** "Ubani ozoba umshayeli wemoto nabasebenzi basehhotela nowasemuvini?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.	
Imibuzo	**Izimpendulo**
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	